

Mashobana!

Donda!

Wen' oth' udl' umunt' ub' umyenga ngendaba!

Mzilikazi kaMashobana!

Wen' owal' ukudl' umlenze kwaBulawayo!

Bheje!

Owabhej' eNgome kwabonakala.

Mabaso!

Wen' owabas' entabeni, Kwadliw' ilanga lishona!

Mkhatshwa!

Wen' okhatshwa ngezinde nezimaqhukuvana! 😊

Wena kaMawela,

Owawel' iZambezi ngezikhali!

Wena kaNkomo-zavul' inqaba,

Zavul' inqaba ngezimpondo kwelaseNgome!

Kekela kaNgobe ongenalulak' emntwini;

ulaka lwakhe ukuncintshana!

Sonan' esingoni lutho;

Okwemihlambi yezinyamazane eyahamba yalal' emfuleni!

Lulwandle kaluwelwa,

Luwelwa zinkonjane zona ziphapha phezulu!

MaNtungw' ancwaba;

zindlov' ezibantu!

Zindlov' ezimacocombela!

Nin' enehla ngesilulu;

MaNtungw' aluhlaza!

Maqhaw' amakhulu, ehlul' abeSuthu

NoShak' engazang' abehlule!

MaNtungw' adl' izimf' ezimbili;

Ikhambi laphuma lilinye!

Nin' enal' ukudl' umlenze kwaBulawayo!
Nin' enahlubuk' eNdlunkulu kaZulu;
nenyuka nezwe! Mbulazi!

[IZITHAKAZELO](#)